Usuku: 6 Agasti 2018

ISIMEMO SOKUBAMBA IQHAZA ENQUBWENI YOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI

ISICELO SOKUHLEHLISWA KWESIKHATHI ESIBEKIWE SOKUHAMBISANA NEMINGCELE EPHANSI YOKUNGCOLA OKUKHISHELWA EMKHATHINI EZITESHINI ZIKAGESI ZE-ESKOM EZIPHEHLWA NGAMALAHLE NOKOKUBASA OKUWUKETSHEZI EZINKANGALA ZASEMPUMALANGA, E-VAAL TRIANGLE NASENDAWENI YASEKAPA

Konomdlandla Nothintekayo Othandekayo,

U-Eskom uneziteshi zikagesi eziningana eziphehlwa ngamalahle nokokubasa okuwuketshezi eNingizimu Afrika. Ingxenye enkulu yeziteshi zikagesi ze-Eskom yiziteshi eziphehlwa ngamalahle eziseziNkangala zaseMpumalanga. Ingxenye encane yeziteshi ihlanganisa iziteshi zikagesi eziphehlwa nge-*nuclear*, ngamanzi, nge-Open Cycle Gas Turbine (OCGT) nomoya kwenye ingxenye yezwe.

Imingcele Ephansi Yokungcola Okukhishelwa Emkhathini Ka-2013 (Minimum Emission Standards [MES] eyashicilelwa ngaphansi koMthetho Wokulawulwa Kwezemvelo Kuzwelonke: Ikhwalithi Yomoya, uMthetho 39 ka-2004 (NEM: AQA) idinga ukuthi iziteshi zikagesi ezikhona manje kwakumelwe zibe sezihambisana nemingcele yokukhishelwa emkhathini 'yeplanti ekhona' ngomhla ka-1 Ephreli 2015 futhi kunemingcele eqine kakhudlwana yokukhishelwa emkhathini 'yeplanti entsha" ngomhla ka-1 Ephreli 2020. I-MES isebenza eziteshini ze-Eskom eziningana eziphehlwa ngamalahle nokokubasa okuwuketshezi futhi idinga ukuba zihambisane nemingcele yokungcola okukhishelwa emkhathini ngesikhathi esibekwe ngumthetho.

Ngenxa yezingqinamba ezihlukahlukene, ngeke kwenzeke ukuba iziteshi zikagesi ze-Eskom eziningi zibe sezihambisana nemingcele 'yeplanti entsha' ngo-2020. Kwezinye izimo, akunakwenzeka ukuba iziteshi zihambisane nemingcele kumaplanti akhona manje ngesikhathi esibekiwe. U-Eskom ufaka imishini yokunciphisa ukungcola okukhishelwa emkhathini kancane kancane ukuze anciphise ukungcola okukhishelwa emkhathini eziteshini zakhe ezingcolisa umkhathi kakhulu. Ezimweni lapho iziteshi zingeke zikwazi ukuhlangabezana nemingcele eqinile ebekiwe, u-Eskom ucela ukuhlehliswa kwemingcele yokungcola okukhishelwa emkhathini ethintekayo.

U-Eskom uhlose ukufaka isicelo sokuhlehliswa kwe-MES eziteshini lapho ukufakwa kwemishini yokunciphisa ukungcola okukhishelwa emkhathini kungeke kuqedwe ngezikhathi ezidingekayo, noma ezimweni lapho iziteshi zingeke zikwazi nhlobo ukuhambisana ne-MES yeplanti entsha. Lokhu kwakamuva kunjalo eziteshini lapho izindleko kanye nezinto zemvelo ezidingekayo ukuba kuqedwe ukufakwa kwale mishini zingaphezulu kakhulu kwezinzuzo zokufaka le mishini yobuchwepheshe, uma kucatshangelwa ukuthi leso siteshi kulindeleke ukuba siqhubeke sisebenza isikhathi esingakanani, isimo sekhwalithi yomoya kuleyo ndawo kanye nezinto ezimayelana nezenhlalo nezomnotho.

Lezi ziteshi ezilandelayo zizofaka isicelo sokuhlehliswa:

- Isiteshi Sikagesi i-Lethabo e-Vaal Triangle;
- Iziteshi Zikagesi i-Grootvlei, i-Majuba, i-Camden, i-Kriel, i-Matla, i-Kendal, i-Duvha, i-Arnot, i-Hendrina ne-Komati ne-Tutuka eziNkangala zaseMpumalanga;
- Isiteshi Sikagesi i-Acacia (eNtshonalanga Kapa) neSiteshi Sikagesi i-Port Rex (eMpumalanga Kapa) eNdaweni yaseKapa.

Lesi sicelo sizosekelwa:

- incwadi echaza ukuthi kungani kudingeka ukuhlehliswa,
- Ukuhlolwa Komthelela Emkhathini (AIR) kucatshangelwa umthelela iziteshi zikagesi ezinawo emoyeni okuleyo ndawo; kanye
- nenqubo Yokubamba Iqhaza Komphakathi ephothuliwe kanye nombiko ovela kuyo

I-Eskom iqoke i-Naledzi Environmental Consultants CC njengomhlaziyi wezemvelo ozimele, ukuba alungiselele i-AIR, alawule izingcwaningo ezimayelana nendlela yokwenza izinto futhi aqhube inqubo yokubamba iqhaza komphakathi.

Inqubo yokubamba iqhaza komphakathi izohlanganisa amahlandla amabili okuxoxisana. Ihlandla lokuqala lizonikeza ithuba lokubuyekeza iNcwadi Yolwazi Oluyisendlalelo (BID) nokuveza izimvo mayelana nendlela yokulungiselela izicelo, kuhlanganise nokuba khona emihlanganweni yomphakathi. Phakathi nehlandla lesibili kuzolethwa incwadi yesicelo ngokwayo, ama-AIR aqondene neziteshi ezithintekayo kanye nezincwadi zokuxhumana nomphakathi, ukuze umphakathi uzibheke lezi zincwadi. Ihlandla lesibili lemihlangano yomphakathi liyohlelwa kuzo lezi zindawo zomphakathi ezasetshenziselwa ihlandla lokuqala. Izinsuku zale mihlangano ziyotshelwa bonke ababhalise njengabanomdlandla nabathintekayo uma sekusondela isikhathi kodwa kulindeleke ukuba zibe ngo-Novemba 2018.

Lapha sazisa aBanomdlandla Nabathintekayo (ama-I&AP) ngalesi sicelo esihlongozwayo sokucela imibono nokuphawula kwabo mayelana nesicelo. Lencwadi eyokunazisa mayelana nalokho futhi sicela niqaphele lokhu okulandelayo:

- Isimemo sokubhalisa njengaBanomdlandla Nabathintekayo (I&AP)
- Ukuba khona kwe-BID ukuze niveze izimvo zenu
- Ukunazisa ngehlandla lokuqala lemihlangano yomphakathi

BHALISA NJENGE-I&AP

Uyamenywa ukuba ubhalise njenge-I&AP futhi ubambe iqhaza kwinqubo yesicelo ngokugcwalisa iFomu Lokuveza Izimvo Nokubhalisa elifakiwe kanye nale BID.

INCWADI YOLWAZI OLUYISENDLALELO (BID) IYATHOLAKALA UKUZE IBUYEKEZWE NGUMPHAKATHI

Le BID efakwe lapha inikeza imininingwane mayelana nesicelo sokuhlehliswa. Inikeza ukufingwa kwezizathu ze-Eskom zesicelo sokuhlehliswa kwesikhathi futhi imema ama-I&AP ukuba abambe iqhaza futhi abhalise kwinqubo yokufaka isicelo. Kunikezwe inkathi eyizinsuku ezingu-30, kusukela mhla ka-13 Agasti - 11 Septemba 2018, ukuze kubuyekezwe i-BID futhi kuhanjiswe izimvo nezinto ezikhathazayo mayelana nesicelo sokuhlehliswa.

Le BID kanye neFomu Lokuveza Izimvo Nokubhalisa elihambisana nayo, kuyatholakala ukuze umphakathi uveze izimvo zawo ngesiNgisi, isiBhunu nangesiZulu kuwebhusayithi ye-Naledzi lapha www.naledzi.co.za/publicdocuments. Amakhophi ale BID nawo ayatholakala kulezi zindawo zomphakathi ezishiwo kwithebula elingezansi:

Umtapo Wolwazi Womphakathi	Ikheli	Imininingwane Yokuxhumana	I-Librarian
Indawo yase-Vaal Region- Lethabo			
Sharpeville Library	C/o Seeiso and Zwane Street, Sharpeville	016 451 2526	Joyce Ramagole
Sasolburg Public Library	John Vorster Road, Sasolburg	016 973 8463	Patience Khunou
Zamdela Public Library	Stand 3246, Zamdela Community Centre	Zamdela@sacr.fs.gov.za	Martha Mohapi
Refengkgotso Library (Ntai Mokoena Library)	2195 Phomolong Road, Refengkgotso	016 371 2312/4	
Vereeniging Public Library	c/o Lesley and Mark Ave, Vereeniging	016 430 1724 079 885 9195	Phulani Lethoba
Vanderbijlpark Public Library	c/o Frikkie Meyer & Klasie Havenga Street, Vanderbijlpark	016 950 5251/3	Roy Olifant
EziNkangala zaseMpumalanga			
Isiteshi Sikagesi i-Grootvlei			
Grootvlei Library (Grootvlei Mine Town)	c/o Jacaranda and Ring Road, Grootvlei Mine Town	082 447 9019	Nchire Maepa
Greylingstad Public Library	Sechaba Drive, Nthoroane	071 497 2015	Gebe Shabalala
Balfour Ward 3 Public Library	Johnny Mokoena Street, Balfour	078 017 8355	Thulisile Shozi
Isiteshi Sikagesi i-Camden			
Ermelo Public Library	c/o Church and Smuts Street, Ermelo	017 801 3621	Chrisna Calitz
Thusiville Public Library	Wesselton Extension 2 (Close to Reggie Masuku High school, next to crèche)	072 382 2409	Thami Mrubata
Isiteshi Sikagesi i-Majuba			
Amersfoort	Bree & Plain Street, Amersfoort	017 753 1006 083 665 6189	Simangele Lukhele
Volksrust Public Library	c/o Nelson Mandela and Adelaide Street, Volksrust	017 734 6109	Helen Ziers
Isiteshi Sikagesi i-Kriel ne-Matla			
Kriel Public Library	Quetin and Heinrich Street, Kriel	017 648 6249	Rika Horn / Jeannette Soko
Isiteshi Sikagesi i-Duvha ne-Kendal			
Emalahleni Main Library	c/o Hofmeyer Street & Elizabeth Avenue, Emalahleni	013 690 6232	Nelly Mashiame
Middelburg Public Library (Gerald Sekoto Public Library)	Wanderers Avenue, Middleburg	013 249 7314	Patrick Molemane
Phola Public Library	2426 Qwaabe Street, Phola	013 645 0094	Nomsa Thwala
Ogies Public Library	Hoofweg, Ogies	013 643 1027	Priscilla Sekgobela
Isiteshi Sikagesi i-Hendrina-, i-Arnot ne-Komati			
Hendrina Public Library	44 Kerk Street, Hendrina	013 249 7247	Busisiwe Sibanyoni
Pullen's Hope Library	Kiaat Street, Pullen's Hope	013 296 1300	Sbusiso Nkosi
Rietkuil Public Library	Marula Street, Rietkuil, Arnot	013 249 7803	
INDAWO YASEKAPA			
Isiteshi Sikagesi i-Acacia (eNtshonalanga Kapa)			

Edgemead Library	Edgemead Drive, Edgemead , Cape Town	021 444 7352	Lorraine Mathewson
Bothasig Public Library	Vryburger Avenue, Bothasig, Cape Town	021 400 2757	Nomvu Gxalo
Isiteshi Sikagesi i-Port Rex (eMpumalanga Kapa)			
East London Central Library	Gladstone Street, East London City Centre	043 722 4991	Cecilia Mqingwana (Reference Section)
West Bank Public Library	Hood Street, West Bank Village, East London	043 731 1547	Belinda Pennels
Greenfields Public Library	8 Reitz Street, Greenfields, East London	043 736 1700	Phumlani Sihlalo

Uma ungathanda ukuveza uvo lwakho nge-BID kanye/noma ukuba yingxenye yale nqubo yokufaka isicelo:

- ungagcwalisa iFomu Lokuveza Izimvo Nokubhalisa elifakiwe bese ulihambisa kumuntu okungaxhunyanwa naye kule minininingwane enikezwe ngezansi;
- ungahambisa igama lakho, imininingwane yokuxhumana nawe, nesasasa lakho ngocingo; futhi/noma
- ungathumela izimvo ezibhaliwe nge-imeyili noma ngefeksi phakathi nenkathi yokubhalisa nokubuyekeza komphakathi enikeziwe.

Sicela uhambise igama lakho, imininingwane yokuxhumana nawe nesasasa onalo kule ndaba kuNksz. Marissa Botha kule minininingwane elandelayo; Ucingo: 015 296 3988 / 084 226 5584 noma usithumelele izimvo zakho nge-imeyili lapha botham@naledzi.co.za noma ngenombolo yefeksi 015 296 4021.

ISIMEMO SOKUBA KHONA EMIHLANGANWENI YOMPHAKATHI EHLELIWE

Uyamenywa nokuba ube khona kunoma yimuphi wale **Mihlangano Yomphakathi** ehleliwe yale phrojekthi:

Usuku	Indawo	Isikhatshi	Isiteshi Sikagesi
20 Agasti 2018	Vereeniging (City Hall)	11:00 – 13:00	Lethabo
	Sharpeville (Community Hall)	16:00 – 18:30	Lethabo
21 Agasti 2018	Balfour (Siyathemba Community Hall)	11:00 – 13:00	Grootvlei
	Grootvlei (Thabakgoadi Community Hall)	15:00 – 17:00	Grootvlei
21 Agasti 2018	Zamdela (Harry Gwala Multipurpose Centre)	16:00 – 18:00	Lethabo
22 Agasti 2018	Amersfoort (Mayor's Hall)	11:00 – 13:00	Majuba
	Ermelo (Ella De Bruyn Hall)	17:00 – 19:00	Camden, Majuba
23 Agasti 2018	Thubelihle (Community Hall)	11:00 – 13:00	Kriel & Matla
	Kriel (Volle Evangelie Church)	17:00 – 19:00	Kriel & Matla
24 Agasti 2018	Phola (Community Hall)	11:00 – 13:00	Duvha, Kendal
	Emalahleni City Hall	16:00 – 18:00	Duvha, Kendal
28 Agasti 2018	Hendrina (Kosmos Hall)	11:00 – 13:00	Hendrina, Arnot, Komati
	Kwazamokhuhle (AME Church)	15:00 – 17:00	Hendrina, Arnot, Komati

28 Agasti 2018	East London Museum	11:00 - 13:00	Port Rex
29 Agasti 2018	Edgemead (Edgemead Community Hall)	18:00 – 20:00	Acacia
31 Agasti 2018	Midrand (Eskom Learning Academy)	11:00 – 13:00	All

Ukukukhumbuza indlela ongabamba ngayo iqhaza:
Ungase:

- Ubhalise njenge-I&AP ungakedluli umhla ka-11 Septemba 2018
- Uhambise noma yiziphi izimvo/imibono ngale phrojekthi ngokuyibhala efomini lezimvo nokubhalisa elinikeziwe ungakedluli umhla ka-11 Septemba 2018;
- Utshele abanye abathintekayo/abaneqhaza ukuthi nawe ungase uthinteke noma ube nomdlandla kule phrojekthi ngokubakhuthaza ukuba babhalise; futhi
- Ube khona kunoma yimuphi umhlangano womphakathi ohlelelwe le phrojekthi

Sicela wazi ukuthi imininingwane yehlandla lesibili lemihlangano yomphakathi iyotshelwa aBanomdlandla Nabathintekayo (ama-I&AP) kamuva.

Sibonga kusengaphambili ngokubamba kwakho iqhaza.

Ozithobayo,

Marissa Botha (*Pri.Sci.Nat*)
We **Naledzi Environmental Consultants CC**
Ikheli Lendawo: 145 Thabo Mbeki Street, Fauna Park, Polokwane, 0700
Ikheli Lokuposa: Suite #320, Postnet Library Gardens, Private Bag X 9307, Polokwane, 0700
Ucingo: 015 296 3988 Ifeksi: 015 296 4021 I-Cell: 084 226 5584
I-imeyili: botham@naledzi.co.za